IZIBALO ZAKHO EZIFANEKISWE KWA-SARS

Ngabe uthole i-SMS evela kwa-SARS ekhombisa izibalo zentela yakho?

Nasi isizathu esenza ukuthi uthole lowo myalezo: abakwa-SARS bayakwazi ukungena emithonjeni eminingi ukuze bathole ulwazi ngabakhokhintela babo, kubandakanya ulwazi oselukhona vele ohlelweni lwakwa-SARS. Ngalolu lwazi, abakwa-SARS bangenza izibalo bathole umphumela ngaphandle kokuthi kube khona okwenziwa nguwe. Lo mphumela uzokhombisa ukuthi ikhona yini imali ozobuyiselwa yona noma ngabe wena uzokweleta abakwa-SARS yini uma kungukuthi ufaka amaphepha akho okubuyisa intela. Ngakho-ke, isizathu sokuthi kulonyaka uthole izibalo zentela ukuthi uthumele amaphepha okubuyisa intela ngonyaka owedlule sibe singekho isidingo sokuthi uwathumele. Lokhu kubalwa kwentela sikwethule ukuze sikwazi ukulekelela abakhokhintela bagweme ukuya emagatsheni ethu ngesiKhathi seNtela.

Yini okumele uyenze?

Uma kungukuthi akukho okushintshile esimweni sakho sezimali kusukela kuNhlolanja 2018, kusho ukuthi asikho isidingo sokuthi uthumele amaphepha okubuyisa intela.

Ngabe abakwa-SARS bazongihlawulisa uma ngingawathumeli amaphepha okubuyisa intela?

Cha. Abakwa-SARS angeke bakuhlawulise futhi ngeke kuthiwe kukhona amaphepha okubuyisa intela ongawabuyisanga kuphrofayeli yakho ngenxa yokuthi bekungadingeki ukuthi uwabuyise lawo maphepha ngokomthetho.

Ngabe ngizokhokhelwa imali okumele ize kimi uma ikhona?

Ngokomthetho, abakwa-SARS kumele bakhokhe imali ebuyela umkhokhintela uma ingaphezulu kuka-R100.

Ngabe kumele ngithumele amaphepha okubuyisa intela uma kungukuthi izimo zezimali zishintshile kusukela kuNhlolanja 2018?

Yebo, ungawathumela. Kodwa-ke, hlakanipha usebenzise i-eFiling noma i-SARS MobiApp ukuze ugweme olayini emagatsheni ethu. Cofa lapha ukuze uthole ulwazi olwengeziwe mayelana ne-eFiling ne-SARS MobiApp.

Kungani abakwa-SARS bengayikhokhi imali engaphansi kuka-R100?

Kuvame ukuba nezindleko ezihambisana nokukhokhwa kwezimali ezibuyiselwa abantu kwenzeka okufanayo nakwabakwa-SARS uma kumele baqoqe intela okumele ibuye. Ngakho-ke, akongi ukubuyisela noma ukuqoqa inani elingaphansi kuka-R100. Kodwa lokhu akusho ukuthi isikweletu sentela siyashabalala, sizolokhu sithi uyakweleta noma umkhokhintela kumele akhokhelwe bese sidluliselwa esikweletini sesikhathi esizayo saleyo nhlobo yentela noma songezwe kunoma yiyiphi imali okumele ibuyele kuwe uma ingaphezulu kuka-R100. Inani elingu-R100 lemali ebuyela umkhokhintela licacisiwe esigabeni 191(3) soMthetho wokuSingathwa kweNtela, 2011 kanti incaciso yakhona ifundeka kanje: “Imali ayikhokhwa uma inani lingaphansi kuka-R100 noma ngaphansi kwanoma yiliphi inani elizobekwa uKhomishana ngokuthi akhiphe isaziso somphakathi, kodwa lelo nani kumele lidluliselwe phambili ku-akhawunti yomkhokhintela.”